**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUVULA IBHULOHO IMBALANE EMUDEN NGESONTO MHLAKA 22 FEBRUARY 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Mhlaka 13 January sasilapha eMuden sizohlaba isoyi lomgwaqo uP368. Ngajabula ngalelo langa ngenkathi iNkosi yaseMachunwini ibeka amazwi ayo igcizelela kwengihlale ngikusho ukuthi abantu kumele bafunde ukuhlukanisa umsebenzi kahulumeni nepolitiki yamaqembu.

- Kodwa ngiyazi ukuthi le nkinga isivelile kulo msebenzi waseMhlangane osekuholele ekutheni kuhlakazwe iProject Liaison Committee (PLC), ikomiti elibhekele ukusizakala komphakathi. Namhlanje kumele ngicacise kahle ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal unesibopho ngokomthetho sokuthi ubhekele isimo sezokuthutha esifundazweni.

- Lokhu kuhlanganisa, phakathi kokunye, ukwakha amabhuloho nemigwaqo, ukuyilungisa, nokuyigcina isesimweni esifundazweni sonke. Ngakhoke asidingi ukuze sitshelwe ngumuntu othile ukuthi siyifake nini imigwaqo namabhuloho. Kodwa-ke uMnyango uhlale uzimisele ukusiza omasipala, ikakhulukazi ngolwazi, uma behlela ukwakha imigwaqo.

- Siyazi sonke ukuthi indawo yaseMsinga ingenye yezindawo esifundazweni ezahlonzwa njengezidinga ukubekwa phambili ekulethweni kwezidingo ngenxa yezinga eliphezulu lobubha nokuntuleka kwemisebenzi.

- Siyazi futhi ukuthi abantu baseMsinga baba yizisulu zeqhinga likahulumeni wobandlululo lokususa abantu bayiswe ezindaweni okunzima ukulima kuzona, okwadala ukuncintisana okushubile ngomhlaba nokunye okuyizinsiza ezibalulekile.

- Lokhu kwaholela ekushayisaneni kwemiphakathi kwagcina ngezimpi ezazigqugquzelwa nangamasu obandlululo okuhlukanisa abantu ukuze ubabuse, esithi ‘divide and rule’. Kodwa ngenkathi kungena uhulumeni wentando yeningi ngo-1994, inselelo akubanga nje ukulungisa umonakalo waphambilini kuphela, kudingeke sibhekane nezinselelo ezintsha njengobugebengu, izifo ezingelapheki, ububha, ukuntuleka kwemisebenzi, nokunye.

- Yingakho phela sazibekela lo mgomo wokwenza impilo engcono kubantu bonke. Njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi sinesibopho sokusebenzela abantu bakithi ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki. Sithi wonke umuntu unelungelo lempilo engcono.

- Nokho-ke, impilo engcono ayikwazi ukuvele iqhamuke ngaphandle kwesisekelo. Kumele isekeleke ngaphansi kwezimo ezithile okuwuxolo, intando yeningi nentuthuko. Ngakho-ke nani njengomphakathi ningavumi ukusetshenziswa osopolitiki ukuzizuzela bona.

- Njengamanje uMnyango usutshale imali engaphezulu kuka-R258 million kulesi Funda ukuze kubhekwane nezinselelo zengqalasizinda yomgwaqo. Sifake imali emisebenzini ehlanganisa iDicky Bridge, iSphongweni Road, iNxamalala Road, iNyonini Road, Ezingulubeni Road, iMbalane Bridge, iMatimatolo Road, iNhlesi Road, uP32, uP368, uZonyama Road neKwaLeje Pedestrian Bridge.

- Kuyinjabulo ukuthi namhlanje sivula iMbalane Vehicle Bridge neKwaLeje Pedestrian Bridge. Ibhuloho iMbalane lakhiwe ngesamba sika-R10,5 million kwathi iKwaLeje yakhiwa ngo-R4,1 million.

- Umsebenzi wokwenza ukhonkolo nokumba lapho kuxhunywe khona ibhuloho kwenziwe ngosonkontileka bakaVukuzakhe ababhalise ngaphansi koMnyango. Kukhona nabantu bendawo abathole amathuba emisebenzi ngenkathi kwakhiwa.

- Lokhu kungumgomo wethu ukuthi uma kwakhiwa kumele umphakathi wendawo kube yiwona ohlomulayo kwezomnotho lapho osonkontileka bethola zonke izinto zokwakha khona endaweni futhi baqashe ochwepheshe, esithi ama-artisan nabasebenzi bakhona emiphakathini eseduzane.

- Ukwakhiwa kwala mabhuloho kulethe ushintsho ezimpilweni zabantu bakule ndawo njengoba:

    - Izimoto sezifinyelela ngokuphepha endaweni yomphakathi;
    - Sekusizakala abahamba ngezinyawo ikakhulu izingane zesikole;
    - Sekunamathuba alula okuhweba emphakathini;
    - Sekunamathuba okuthuthuka kwezolimo emphakathini;
    - Sekulula ukufinyelela ezindaweni zamabhizinisi eziseduze njengaseGreytown.

- Amabhuloho esiwakhayo ayingxenye ebalulekile ekwenziweni kwezimpilo zabantu zibe ngcono. Kuyiqiniso ukuthi emiphakathini lapho sekwakhiwe lamabhuloho, abantu sebexoxa indaba ngokushintsha kwezimpilo zabo.

- Isibalo samabhuloho adinga ukwakhiwa KwaZulu-Natal sesenyuke saba ngaphezulu kuka-400. Ngeshwa, sisalokhu sibhekene nengwadla yokushoda kwezimali, okwenza kube nzima ukuvala leli gebe ngokushesha ngendlela esifisa ngayo.

- Sengiphetha, mangihalalisele umphakathi wonke waseMsinga ngemigwaqo namabhuloho osuwatholile nosazowathola.

- Ngithanda ukuniqinisekisa ukuthi lo hulumeni usukulungele ukuphatha elinye ihlandla leminyaka emihlanu ukuze siqinisekise ukuthi ngokubambisana singenza okuningi ukuvikela ababuthaka.

**Ngiyabonga.**